

INingizimu Afrika isenkingeni enkulu yokwenyuka kwentengo yokudla. Umuntu oyedwa kwabane eNingizimu Afrika ulala elambile! Lokhu yinto embi engemukelekile neze. Ngabe yini imbangela yale nkinga?

## Izinkampani ezinkulu zicindezela abantu abahluphekile!

**Ukubopha uzungu lwamanani entengiso** lapho khona izinkampani eziqhadelanayo kwimakethe eyodwa, zivumelana ngokubopha uzungu olungekho emthethweni lokuvumelana ngamanani entengiso yezimpahla eziyisisekelo kubantu. Ngokubopha uzungu lwamanani entengiso kanjena ukuthi kungabi bikho inkampani ethengisa izinto ngamanani aphansi, izinkampani ziphoqeleta abathengi ukuthi bakhokhe amanani aphezulu entengo.

Phakathi konyaka ka 1999 no 2007 izinkampani ze-**Tiger Brands, iPioneer Foods** kanye ne-**Premier Foods** zahlangana zabopha uzungu lwentengiso yezinkwa nombila, okuyizinhlobo ezimbili zokudla esiphila ngakho. Abantu abahlupheke kakhulu eNingizimu Afrika abaphila ngalokhu kudla nsuku zonke, bacindezeleka kakhulu ngalolu zungu lokuboshwa kwamanani entengiso.

Lezi zinkampani zakhokhiswa ifayini ngabeKhomishini yezokuqhudelana i-Competition Commission ngokuziphatha kwazo kabi ukubopha uzungu lwamanani entengiso, kodwa lokhu akwenzanga ukuthi ziyeke lo mkhuba omubi wokwenyusa amanani entengiso yokudla. Ukusukela lapho, selokhu amanani entengiso yokudla enyuke njalo kanti lezi zinkampani zithola amaprofithi amakhulu aloku enyuke njalo.

# UKUBOPHA UZUNGU LWAMANANI ENTENGISO YOKUDLA

Abantu baseNingizimu Afrika banengcindezi ebuhlungu yokwenyuka kwamanani entengo kube kuwukuthi izinkampani zokudla ezinkulu zenza inzuso enkulu eya ngokukwenyuka.



Izitolokazi ezinkulu zama-supermaket nazo zikulo zungu

Ikhomishini yezokuqhudelana iCompetition Commission iphenyisise ngezitolokazi zaseNingizimu Afrika ngoba ibisola ukuthi nazo zenyuse kakhulu amanani entengiso yokudla abantu abaphila ngakho.

Kanti lezi zitolokazi zibuye zisebenzise amandla azo ukuvimbela amabhizinisi amancane ukuthi akwazi ukuqhudelana nazo.

Inqubo yokudla eNingizimu Afrika iyinhlanahlaka! Ibanga inqubo yokungalingani futhi iyacindezela.

Ixhaphaza kakhu lu imiphakathi yabantu bakithi abahlupheke kakhu lu... Ihlazo elingaka!!



[www.acbio.org.za](http://www.acbio.org.za)  
Tel +27 (0)11 486 1156